## Indoda eyezwana no Nohoha.

Epepeni le *Witness* sifunda indaba emangalisayo, engumhlola impela, ngo nohoha omkulu owesabekayo wasendhle owadumela umlungu walwa naye. Igama lomlungu lowo kwakungu Mr. Hunter. Uti u Mr. Hunter: Bengizihambela nje pakati kwezwe lami ngipete isibhamu esandhleni, onohoha ngabezwa bekala bebang'umsindo pezu kwesiwa esingaseduze nomuzi wami. Kute, izinja ebezisekaya, zizwa umsindo omkulu waonohoha, zagijima zaqonda pezulu entabeni zalwa ngamandhla nabo, kwa ukufa nje. Nami ngadonsela entabeni ngipete isibhamu sami, ngiti ngizakusiza izinja zami, ngiti ngizakuba nokuzisindisa zingakahleshulwa onohoha. Ngite sengifike pezu kwesiwa onohoha abaningi bashaye bacita. Ngamkomba ngamshaya omunye pezu kwehlombe, kwati kanyekanye izinja eziseleyo zamlandela zamxosha — ezinye izinja besezihleshulw'izihlepu — kwasekuba kona ukulwa okwesabekayo, kwegazi, pakati kwezinja nonohoha pezu kwesiwa leso esikulu kakulu, kona engcingweni yaso. Izilwana zombili zibambana zigingqika ndawonye, inja ibambelele kaxa ngamazinyo kunohoha, nonohoha ebambelele ngamandhla enjeni, bengimi ngibhekile sonk' isikati ukuba ngizakubona unohoha ekalakatela nenja esiweni les'esesabekayo. Idosha elinye bengingenalo, ngako-ke ngasale sengisibeka pansi isibhamu sami, ngacosh'amatshe ngasengit'ukusondela eduzane, ngapakamis'ingalo ngizakujukujela unohoha, kanti ngizibangela indaba ebengingayibhekile, kwaqamuka inkunzikazi enkulu eyesabekayo ka nohoha, ebukulu obungako engingazange ngibubone, yaqonda kona kimi ngesibindi esikulu, amehlo ayo ekanya ulaka nokutukutela, ikehleza ngamazinyo sengati isinambita ngokuba ibona inyamazane yayo. Ngatola isikati sokuyiponsa ngetshe ebengilipet' esandhleni, yase ipezu kwami. Yaqala ngokungibamba ngomlenze, yangiluma ngamandhla ngaze ngacabang'ukuti onk'amatambo emlenzeni wami acoboziwe. Ngakahlela ngamandhl'ami onke, ngaling'ukucosha itshe, ngaling'ukuyibamba ngompimbo, ngayishaya kaningi ngofesi, kepa konke ukwenza kwami akwasiza luto; isilwanekazi esikulu lesi sase Africa sangahlula impela. Unohoha esekwenzile akwenzayo emlenzeni wami, wangisingata ezingalweni zak' ezinkulukazi wangiluma esifubeni ngamazinyo ake anamandhla. Kwangahlula noba ngiyakwenze njani, [illegible]asikati angilume esifubeni, ngasikati empinjeni. Ngasengimbamba empinjeni ngesandhla sami sobunxele, ngaqinisa ngamandhla onk'enginawo, kodwa kangidedelanga nakany[illegible]. Ngibe ngiyat'ukusuka angirudulele eduze nesiwa, saze safika ekwehleni kona ngasengeingweni yaso; bengazi ukuti ngingashelela nakanye singagingqika sobabili siponseke eweni ngapansi. Unohoha olimeleyo kanye nenja, eyaqala umhlola lo, ibisiponsekile le pansi, kwagingqika namatshe peku kwayo, kwa intsumantsumane nje, ngabona ukuti kuyakuba njalo nakimi. Unohoha walwa njalo nami, kwancipa isibindi sami, ngaswela noba ngizakwenze njani. Ngiti besesilwe isikati sehora elinye nesigamu, noko unohoha kakubonakalanga ukuti ufuna ukungidedela. Ngezwa ukuti sengipelelwe amandhla, loku sengiyindoda endala sengidhlulile nasemashumini ayisitupa, ngingase nawo amandhla njengalapa bengise insizwa, amandhla ka nohoha wona esapelele njengakuqala nje, ute ngisadedela kancane isandhla sami waqala ngokungixxweba ebusweni engihlukuluza ngamandhl'afana nasekuqaleni. Ngasengikumbul'ukuti ngipete umese esikwameni sebantshi lami. Uma benginako ukuwukipa bengiyakuzivikela ngokumhlaba ebusweni. Ngalinga ngesobunxele ngaza ngawukipa umese, isilwane singixxweba sixxebula ubuso bami sonke isikati. Umese ngawubamba ngamazinyo ngaze ngawuvula ngesandhla sami sobunxele. Ngasengisihlaba, kodwa umese ubumncane kangaba nako ukusilimaza kakulu. Igazi lesilwane laciteka ingcosana, sasesivuka ngolunya olusha. Ngales' isikati bengingasenangubo; besekuxxebuke zonk' izingubo zami, nomzimba wami usuhlikizeke kabi. Inhliziyo yami yati kazi kwoze kugcine ngani, ilanga beseliqala ukushona emva kwentaba, amandhla ami engaseko. Ingalo yami yokudhla ibisipelelwe amandhla, sengicabanga ukuti kuhle ngiyeko nje, ngasengizwa inja ikonkota, ngezwa ukuba usizo seluseduze. Beku enye inja yami elimeleyo ilwa nonohoha, ebisisindile yatol'amandhla okuza lapa ngikona mina. Yat'ukutika yabamba unohoha ngemuva. Ngayisasazela, ngetuk'isilwane sesingishiya! Sasesizwana nenja isikashana, sasesisuka sihamba silandela ingcingo yesiwa siloku sibhek' emuva ingati sifun'ukubuyela kimi. Kwaze kwa isikati eside ngingawafumani amandhla okusuka pansi ngidonse intaba. Ngize ngafika kodwa ekaya ngokutototoba, nenja futi; kodwa loku kulwa kwami no nohoha kangoza ngakukohlwa. Kungifundisile isifundo impela. Ngangingakukolwa kuqala ukuti unohoha wase South Africa angasimeze aqonde kumuntu amqale, aqinisele ukulwa naye isikati eside, nangamandhla anje. Umhlola lo wenzakala e Cape Colony.

## Isibindi sabantu.

Kulel'ipepa elisanda kupuma bekukona indaba yomuntu osebenza e East London owalimala emunweni wake waseti kumfana womlungu maka unqamule ngomese. Enye fut'indatshana enjalo ibonakale e *Daily News*, eyenzakele pesheya. Indodana yomalusi eduze nase Galashiels yalunwa emunweni inyoka ebulalayo, ikude, kungeko ongayisizayo. Inhliziyo yamtshela ukuti ngaeunqamula umunwe. Lapo-ke wakipa umese wake ogotshwayo walinga ukunqamula umunwi wake ngawo. Umsebenzi lowo uze waqedelwa u Dokotela, umfana enqaba noba apiwe umuti wokulalisa angabuzwa ubuhlungu. No President Kruger esengumfana waya kuzingela ngelinye ilanga ngesikati sokuba i Transvaal lisaqal'ukwakiwa, isitupa sesandhla sake sahlakazwa ukuhlepuka kwesibhamu sake. U Kruger wakipa umese ogotshwayo esikwameni sake, wanqamula okulengayo esitupeni. Futi enye indaba eseyenzakala kade, kude e North—West, ibanga umunyu impela. Umuntu ozingelayo ubezingela, wahamba waye wafika endhlwaneni ehlala umuntu oyedwana, owanqamula unyawo lwake ngembazo ngokubani luvundiswe iqwa. Umzingeli washesha waya kumfunela inyanga kute esebuyile lapo wafumana ukuti kanti lowo muntu useze wanqamula nolunye unyawo ngokuba efumene ukuvunda kungenile nakulona futi.

## Inhlekiso eyenzakel'e Sizweni sika Sambane.

Ngosuku luka September lwe 19, kusho umbhali we *G. F. News*, wase Bremersdorp, abatatu abantu, abaziwa kahle e Swazini, babanjwa ezweni lase Transvaal, kwa Piet Retief, bebanjwa induna yamapolisa yakona, isizwa ngabantu abayi 15 abahlomileyo eyababoleka enduneni yomuzi oseduze nalapo. Babanjwa ngencwadi evela ku Landdrost we Piet Retief, ngecala lokunyenyisa izibhamu, nokubanga ingxabano, ngokubutana kwabantu badelele imiteto. Induna yamapolisa ingayazi imkaulo yezwe lase Swazini, yadabula neziboshwa zayo ezweni lase Swazini. Bate ukufika evinkilini lika Mr. Henwood, yena (u Mr. Henwood) watshela iziboshwa ukuti sebesezweni lamaSwazi. Iziboshwa zahlanganyela Induna yamaPolisa zayibopa kanye nomfana wayo, zatata amahashi ayo nemikonto yayo. Omunye wasuka waqonda kwa Mahamba, watata incwadi kwokip'izincwadi zokubopa, watola namapolisa amabili okuzakutata Induna leyo kanye nepolisa elingumfanyana basiwa kwa Mahamba. Selitetiwe icala labo, iziboshwa zakuqala zapindela e Bremersdorp, nenduna nomfana wayo yapindela kwa Piet Retief. Imikonto yabo yabanjwa u Mteti, ihashi lamuka nalabo ababeboshwe iyo, bahamba nalo baya e Bremersdorp. Nanamuhla lise kubo. Yek' ipolisa lajaba! Imbhala kalipelelwanga amandhla nje?!

## Okubatshelwe u Mr. Rhodes.

U Mr. Rhodes, ekuluma kubantu e Cradock wati ezweni lakwa Mashona sekukon'abelungu aba 2000, *nento* ayibabeleyo kungukutoleia bona indhlela yokuba bazifunele ukudhla nokubheka abagulayo. Wati ufisa kakulu ukuba izwe lakwa Mashona lakiwe ngabelungu basesiLungwini, nokuba kuhlanganwe kahle impela nezwe lase Cape Colony. Ufisa futi ukuba abantu base Cape bezwe ukuti ukwandiswa kwezwe leli kusisusa sokuba ngesikati esipambili imncele yezwe lase Cape iqubeke iye ikaule kwelase Zambezi. (Halala).

## Imali ye Stimela

Imali ye Stimela e Natal nge veke eligcina ngosuku lwa 26 ku September ibinkulu kakulu, ibi £9,546 3s 5d idhlula eya lonyaka odhlululileyo ngaso leso sikati, eyona ibingo £868 10s 1d.

Okulandelayo ukubalwa kwayo:—

| | 1891. | 1890. |
|---|---|---|
| | £. s. d | £. s. d. |
| Abantu | 1,798. 8. 8 | 1,817.18. 6 |
| Imitwalo | 244.18. 6 | 179. 5. 5 |
| Impahla, amatshe, nezilwane | 7,502.16. 3 | 6,680. 9. 5 |
| Yonke | £9,546. 3 5 | 8,677.13 .4 |
| Yande ngo | £ 868.10. 1 | |

| | | £. s. d. |
|---|---|---|
| Okwokwaka, | 1891 | 4 13 4 |
| „ „ | 1890. | 1,301 1 4 |
| Ukupunguka | | 1,296 8 0 |

## Umntwana wakwa Zulu.

U Dinuzulu ka Cetywayo usekwazi manje ukuloba incwadi, ngemva kwomunye unyaka useyakukwazi ukuloba kahle. Kusanda kufika incwadi elotshwe ngesandhla sake, abuza ngayo ukufa kwabatile abantu bake, ukuba bafa nje babulewe ukufa kuni. Bebesahlezi kahle esiqingini sase St. Helena.

## KUSIHLWA.

UBUMNYAMA busondele,  
Ukukanya kuyemuka,  
Kuqul'eka amatunzi;  
Msindisi yiba-ke nami.

Kuswelele'ndawo zonke,  
Ngingedwa nginokwesaba;  
Sihlobo esimi njalo,  
Nkosi, 'mnene, yiba nami.

Ubutongo sebuyehla,  
Ngizokohlwa yiko konke;  
Ngizolala ngingenqeni,  
Msindisi nxa wen'unami.

Nobutongo bokugcina,  
Ukufa, buyasondela;  
Angiyikwesaba luto,  
Usahlezi nami, Baba.

'Mhla ngifik'ekaya lami,  
Injabulo yami yoba,  
Uyakuba nami njalo,  
Nami, Baba, ngibe nawe.

—ISICELANKOBE—

## IZINCWADI.

*Umhleli ka vumelani ngazo zonke izikati nezincwadi ezitunyelwa kuleli pepa.*

(*Ku Mhleli we Nkanyiso.*)

BABA, — Ngicela indawana kengibeke lamazwana ayingcozana. Ngiti ake ubuze kumanene amhlope, kubenzi bemiteto, ukuba loku kulungile nokuba akulungile, kubi kakulu okwenziwa lapa e Mgungundhlovu, ngokuba kulapo kupuma kona imiteto, ngisho ngokuba abelungu bakona, kuyabonakala ukuba ukuketa kwabo kudhlula okweBhunu kumuntu omnyama; ngisho ngokuba umuntu omnyama akubuzwa nokubuzwa ukuba uyakwazi yini ukusebenza; omunye ute kimi, 'Bengiyakukunika umsebenzi, kodwa kutiwe mangize ngingamtoli umuntu omnyama, mangitole amaNgisi odwa,' (loko kukuti ibala elimhlope). Ke ukuba bonke abanumzana balomuzi wamaNgisi bebeyakufana nomnumzana lo, u Mr. J. A. Tyler, bati nxa benomsebenzi bazise kubo bonke, kwomhlope nakwomnyama, umteto we Nkosazana ubuyakuhamba kahle. Ke ngibona kutiwa masipume emtetweni wobukafula, kanti nangemisebenzi asiseko ebumnyameni, kulapo umlungu wase Natal uti, nxa ufika, uti gana umsebenzi, ati 'uyakwazi na ukuxova udaka?' uti 'ngingumsebenzi njengawe nje;' abeseti 'indawo kayiko.' Kanti nxa kufika omhlope emva kwako uyamnika umsebenzi. Ngiti-ke leyo ndawo imbi; kodwa umteto we Nkosazana uti, ukuba libala elinjani, nxa efuna umsebenzi makanikwe, kunokuba umuntu aze ayekweba, umsebenzi engawunikwa. Kubi loko impela. Ngingajabula, Mhleli, lamazwi uwatake nangesiNgisi, ngokuba ngingajabula lento ifika ezindhlebeni zabanumzana belizwe. Ngixolele, Mhleli, indawo inde kakulu engiyenziileyo ngokwenziwa yinhliziyo, ngokuba nabantwana betu sibafundisa ukuze banikwe umsebenzi ngabelungu. Owako

CHAS. K. KUZWAYO.

Esexekweni.

(*Ku Mhleli we Nkanyiso.*)

MNGANE,—Ngivumele ngibhekise emadodeni atile akiti kengipendule amazwi awo.

Kuqala ngipendula ku Mpazima embuzweni wake wezanusi, ngiti, leyo ndaba yezanusi ngeyobututa uqobo lwayo, yayenzelwe ukuqala kwayo uhlanga lwakiti; kona kuzakuti uma ngizonda ngifuna ukubulala engakelene naye, ngiyekubhula, itike inyanga ingibuze ngiyiqandelisa, ize itike ohlamvini engilunxaneleyo, anduba n[illegible] ukuti 'waukona, nyanga,' nayo-ke bese iqinisa [illegible] katiwe-ke mukile, kanti kunuka mina. Izw[illegible] lika M[illegible]zima lokuti amaKristu ayabhula, ngilipendula ngokuti, nakuba ezitsho lowo muntu obhulayo eti ungumKristu, kasiye, u Kristu wayengabhuli.

U Mdima uyasola, uti yini ukuba silobe siti "ngingowako" ekugcineni kwencwadi esivituma kwomunye. Yebo kambe, Mdima, lelo'zwi silitola kumaNgisi, kepa nati ngokwetu senza njalo uma sikuluma, sikulume ngokuhlonipana, njengokuti "yebo, Baba"—"mnumzana"—"nkosi"—"nkosikazi"—"nkosazana" nakumtokazana, nakumfazi nentombi yomtokazana, uma sikuluma singaxabene; ngiyalibonga mina izwi lomuntu oti "ngingowako" ekupeleni kwamazwi ake. Kepa po loku u Mdima akusolayo e Zazisweni zabelungu ezisepepeni uti akutiweni na? loku asinawo tina amazwi apeleleyo okubiza izinto — "Oshuzi" besizakuti yini, loku naleli esiti izixatuba, sitsho loko kambe oku izikumba ezibekwa ngapansi kwezinyawo, kasikwazi loku okufakwa unyawo lube pakati kuko njengenselo yenkomo. Angamsoli u Mdima, kodwa ngiti kaluleke naye aveze amabizo ezinto, ipepa leli ngeletu, akusilo elabelungu.

Ngiyambonga u Zulu ngokusola ukwahlukaniswa kwomfazi nendoda. Lomkuba kasiwazi, mubi ngokupindiweyo, ubulala izwe, uhpendula onondindwa.

Ungangixabi, Mngane, ngokwelula kwami.

Mina, muntu wako,

Maritzburg, Oct. [illegible], 1891. M. MAGWAZA.